

PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



Amalumngiselelo awukhiye ekuvuneni ngenjabulo

ABALIMI BAFUNA UKUVUNA NOKUDAYISA ONKE AMA-KERNEL ABAWAKHIQIZILE. UKUNAKEKELA NOKULUNGISA NGESIKHATHI SOKUVUNA KUBALULEKILE EKUPHUMELELISENI LOKHU. UKUVIKELA KOKULUNGISA UHLELO LOKUNAKEKELA OLUQHUBEKA NJALO OKWENZIWA ABANIKAZI BAMAPULAZI NOMA ABASEBENZI BASEPUMAZINI.

Izifunda eziningi ezilima ehlolo zibone ukuna kwezimvula ezinkulu kule sizini, futhi khona manje abalimi abaningi balindele isikhathi sokuvuna isivuno esikhulu. Kamuva nje besenza izibal; futhi sithole ukuthi oganganda bethu, izinqola ezhudulwayo, amakhombayini okuvuna, impahla ye-de-bulking nemishini yokubhula izosebenza kanzima ukwedlula isikhathi eside kakhulu. Kungenzeka ahambe amakhilomitha amanangi futhi aqukathe imithwalo engenakubalwa esindayo.

*U-Jenny Mathews, umbhalu
wePula Imvula. Thumela i-imeyili
ku-jennymathews@grainsa.co.za*



Kufanele siqikelele kakhulu ukuthi imishini uzothwala izitshalo zethu ngokuphepha iziyise endaweni yemakethe, ngoba noma yisiphi isikhathi esingalahlekha ngesikhathi sokuvuna lokho kungagcina sekubiza imali eningi.

IZINHLOSO EZINGAGWEMEKA ZOKUNAKEKELA

- Ukunciphisa ukujema kwempahla.
- Ukugwema ukwephuka kwempahla okungalindelekile.



IZWI LIKA...

Jerry Mthombothi

ABANYE ABALIMI, ABAKHIQIZI ABANGENISA INZUZO NAMA-SMALLHOLDER, BAMAGANGE FUTHI BALINDELE UKUTHOLA ISIVUNO ESIKHULU EKUPHELENI KWESIZINI YOKUTSHALA. NGENXA YEZIMVULA EZINKULU NEZIKHUKHULA EZIDALE UMONAKALO ENHLABATHINI ELINYWAYO, ABANYE BANO-NGABAZANE NGOKUTHI BAZOKWAZI UKUVUNA IZILIMO EZIYIKHWALITHI ENHLE NESIVUNO ESIKHULU. IZIKHUKHULA ZIDALE UMONAKALO OMKHULU NOKULAHLEKELWA EMAPULAZINI.

Abalimi babhekene nenkoinga efana omhlaba omumethe amanzi amangi, amathantala amanzi phezu komhlaba abalima kuwo, lokho kudala ukufuthelana kwezilimo. Lapho ukulima okunquma nentaba kugugulwe yizimvula ezinkulu, umhlaba ugugulekile. Ukubhidlikwa kwemigwaqo kwenze kwaba lukhuni ukufinyelela emasimini, ngakho ke izilimo azakekelwanga ngokufanele.

Ukulawula ukhula emasimini nakho kunzima kakhulu ngenxa yokuba manzi kwamasimu, ngakho ke kwezinye izindawo ukhula luhlasele. Isi-muncwana senhlabathi sibe yinkinga enku, kanye nokugeleza namanzi kwamanyuthriyanti eztishalo ngenxa yezimvula ezinkulu.

Ingingi labalimi litshale sekwedlule isikhathi ngenxa yokuthi be-komile ngoNovemba nangoDisemba 2020. Ngesikhathi liqala ukuna, lalina linganqamuki. Enye inkinga enku, kanye nokugeleza namanzi imihlabo beyingabiyelwe ngokufanele, ngenxa yalokho imfuyo yadala omkhulu umonakalo ezilimeni zabo.

Ezinye zalezi zinkinga zadalwa ukweswela ulwazi, kanti ezinye zada-lwa ubudedengu. Ukusebenzisa amanzi angcolile ukufutha ukhula nezi-nambuzane ngeke kukusize ekutholeni isivuno esihle. Ngisho nakho ukutshala izitshalo eziningi kakhulu.

Kodwa, abalimi bayazimelela futhi nginaso isiqiniseko sokuthi iningi lalezi zinkinga zizoxazululwa. Balimi zamani ukubiyela imihlabo yenu eniyilimayo. Khandani imibundi phecelezi *contour* futhi namabhokisi ocingo asekela amatshe nenhlabathi ingaguguleki. Gxilani ezinsukwini zokutshala ezifanele.

Khulisa ulwazi lwakho mayelana nokusebenzisa ama-herbicides ngokufanele namanye amakhemikhali, kanye nokusevisa nokukhalibhrethwa kwempahla yasepulazini. Tshala ezindaweni eziphansi ukuze ugweme ukutshala enhlabathini emumethe amanzi. Lungisa inhlabathi ngokuthatha amasampula enhlabathi uwathumele ayohlolwa.

Ukuze ube umlimi ophumelelayo, landela izindlela ezifanele zokukhi-qiza njalo – sebenisa imbewu eqinisekisiwe, tshala ngezinsuku zokutshala ezifanele, aplaya inani likamanyolo elifanele, lawula ukhula ngendlela efanele, futhi ukhalibhrethe bese usevisa izimpahla zasepulazini. ■

Amalumngiselelo awukhiye...

- Ukwenweba impilo yempahla.
- Ukukhulisa izinga lempahla.
- Ukonga isikhathi ngokuhlela nokwenza isiikejuli kusengaphambili kwasikhathi.

Abakhiqizi bokusahlamvu balolonga impahla yabo manje ukuze banchipise ukubanjezelwa yimishini, isebezenze kangcono, qinisekisa ukuvuna ngokuphephile nokuqikelela ikhwalithi yokusahlamvu uma sebeqala ukukhombayina isilimo sabo.

Amahora ambalwa achithwa namakhombayini, *ama-augers/conveyors*, amadraya nama-storage bins ngokuvamile kuba nokubhadala okubonakalayo ngokwesikhathi esongive nokunciphisa izaphulelo lapho kudayiswa khona. Yonke impahla ezothintana nokusahlamvu, njengoba isuka emasimini kuya kuma-storage bins noma kuma-silos, kufanele uhlanzisiswe ukuze kunciphiswe isikhutha nokugcwala kwezinambuzane, nokuvikela ubumsulwa kwenhlobo ngayinye yamabele noma ama-seed lots. Amakhombayini, nezimoto zokudonsa, *ama-conveyors*, impahla yokomisa nama-storage bins kufanele kuhlanzisiwe ngaphambi kokuba kuqale isiphithiphithi sokuvuna.

Uma uhlela nokugcina okusahlamvu kwakho, ngakho ke hlanzisa kahle onke *ama-grain bins*, ikakbulukazi *i-caked grain* okunganuku-beza isilimo esisha. Shanelia izindonga, izitebhisi, unqenqema naphansi ngaphakathi kuma-bins okusahlamvu ususe okusahlamvu okudala, nomatheriyali ucoysakele, lapho izinambuzane kanye nama-spores amolidi-we lapho izinambuzane nama-spores amolidiwe engasuswa nemethiriyali ecoyosakele engabe ilinde khona ukuhlasela izilimo ezilandelayo.

AMAKHOMBAYINI

Ucabanga ukuthi amakhombayini abe seviswa ngokwanele aphinde ahlanzwa emva kwsizini edlule yokuvuna, le nkinga elandelayo beku-fanele ngabe isisombululiwe:

- *Ama-bearings*: Ngabe axega kakhulu noma adlekile? Ngabe ahloliwe futhi afakwa lapho kudingeka khona?
- *Ama-bearing* amasondo: Ugilisi.
- *Ama-Fan belts*: Shintsha ama-fan belts adlekile noma adonsekile.
- *Amaketango*: Shintsha amaketango asedonsekile nadlekile.
- '*I-Pensketting*': Hlola ukuthathwa kwamaketango.
- *Amathayi*: Ngabe akhona amathayi akudalela izinkinga ngokuphatsha njalo? Shintsha amathayi augile.
- *Amahlathi*: Hlola ama-bushes adlekile futhi uwashintshe. Isimo sama 'shaker bushes' kubalulekile.
- *Ama-Elevators*: Hlola ukuqina kwamaketango ama-elevator.
- *Izisefo*: Bheka okuvuzayo noma izisefo ezilimele, njengoba okusahlamvu kwakho kuzovuza noma isampuli izobe ingcolile futhi idale inkinga, kwehlisa isivuno namazinga.
- *Hlola i-rotor* yakho nama-concaves, njengoba le ngxenyi iguquka futhi ingxenyi ebaluleke kakhulu njengoba kulapho okusahlamvu kususwa esikhwebini.
- *Kwi-Slattery* khombayini *harvesters*, hlola ukuthi ama-beater bars awadlekile kakhulu nokuthi alungiswa ngokufanele. Mhlawumbe ngeke bazikhulule zonke izihlamvu esikhwebini noma, uma isethwe yaba namandla amakhulu, izihlamvu zingaqhephuka. Uphinde, uhlole umonakalo ezisefeni.

Zonke lezi zinto kudingeka kuhlolwe uhlwazo ngaphambi kokuba kuqale ukuvuna. Ukuhlolwa ngaphambi kokuvuna uphinde futhi ufake ugilisi kuwo onke *ama-bearings*. Konke lokhu kusebenza emishinini emincane nemikhulu yokuvuna nakumakhombayini *harvesters*. Uma une-self-propelled khombayini, yenza isevisi ephelele okufaka phakathi ukushintsha u-oyili nokushintsha ama-filters.

IZINQOLA EZIDONSWAYO

Izinqola ezidonswayo i-De-bulking

Hlola lokhu okulandelayo:

- *Amaketango*, *ama-elevators* nama-augers okudleka nokudabuka.

Abalimi abasathuthuka be-Grain SA bahlangane kwezobuchwephesheshe

NGENXA YEMITHETHO YE-COVID-19 KANYE NOKWANDA KWEZELAKALO ZE-COVID-19 NGOJANUWARI, AYIKHO IMIHLANGANO EKE YABANJWA BUKHOMA YABALIMI ABASATHUTHUKA KWA-GRAIN SA. NGAKHO KWABANJWA UMHLANGANO NGEZOBUCHWEPHESHE NGOMHLAKA 12 FEBHUWARI WAZO ZONKE IZIFUNDA EZINE.

Inselelo yokuqala okwabhekwanwa nayo ngokwemigomo yomhlanguano obanjwa ngezobuchwephesheshe kwaba ukuxhumana ne-aksesi kumadivayisi angenza abalimi bakwazi ukubamba iqhaza emhlanganweni. UKusombulula le sibonakala, abaxhumanisi ezifundeni kwadingeka basingathe imibono yabalimi abangakwazi ukux huma besemakhaya abo. Ngenxa yemithetho nesikhathi esincane, abalimi abanamandla okulimela ukuwheba kanye nabalimi be-new era bathamela bukhoma ezindaweni ezahlukene, bakwazi ukuqhelelana nokufanele, njengoba beyinxenye yamanxusa emhlanganweni.

ILWAZI OLUDINGEKAYO OKWABELWANA NGALO

Uhlelo beluminyene, ne-chief executive officer, u-Jannie de Villiers, ubambe njengosihlalo womhlangano. U-Alfred Gondo, umlimi ovela esigodini sase-Louwsburg, wavula umhlangano ngomthandazo.

Iphuzu lokuqala ku-ajenda kwethulwa imenenja entsha yabalimi abasathuthuka, uSandile Ngcamphalala. Waqala umsebenzi wakhe kwa-Grain SA ngomhla ka 1 Mashi 2021 futhi wakhulumu ngokuphokophela kwakhe ukuqala, nangesifiso sakhe sokufunda nokwabelana ngolwazi analo.

Amalungu ephaneli kubalwa kuwo u-Dirk Strydom, imenenja yabalimi abaphakathi banamuhla abasathuthuka, u-Ramodisa Monaisa no-Jeremia Mathebula, bobabili abaphuma ekomidini lesigungu. Owokugcina kwiphaneli kwaba u-Patricia Zimu, ungumphathi nomdayisi kwa-Grain SA.

Ngokwemigomo yePhrogrammu yokuThuthukiswa kwaBalimi, u-Dirk Strydom ukhave lokhu okuqukhethwe elandelayo:

- Izinguqoko esitafini, okubandakanya ukuqokwa kwemenenja entsha nomsebenzi ehhovisi, ozongena esikhundleni sika-Jane McPherson no-Willie Kotze.
- Waxoxa ngenqubo yokuhelwa kabusha kwamahhovisi ase-Bloemfontein nase-Lichtenberg.
- Ingxoxo yayibandakanya inhlangano entsha engenzi inzuko (NPO), ebi-zwa nge-Phahama/Phakama. Le nhlangano yabunjwa ngokweSigaba 18A, no-Ramodisa njengosihlalo noJeremia onjengosekela sihlalo.
- Iphaneli iphinde yaxoxa ngesimo sanamuhla nokwemigomo yoxhaso lwamaphroekthi nezinselelo abhekene nazo.
- Inkulomo iphethe ngezindaba zezimakethe zanamuhla ezifana noku-hlela ngokwezigaba nekhwalithi yommbila, kanye namanani ahluke-ne endaweni.

Ngabe ama-bearings adinga ukushintshwa? Ngabe amaketango adinga ukuqiniswa noma ukushintshwa?

- Izindawo ezithombile zizodala ukuvuza kokusahlamvu.
- Amathayi adinga ube sesimeni esihle.

Okokuthutha isilimo

Hlolokhu okulandelayo:

- I-draw bar engaphambili emotweni. Ngabe zikhona izimfa ezidunga ukushiselwa?
- Ama-pins nama-bushes adlekile. Washintshe uma isidingo sikhona.

U-Ikageng Maluleke, uSomnetho wezoLimo, kwa-Grain SA. Thumela i-imeyili ku-ikageng@grainsa.co.za



Esigabeni semibuzo nezimpendulo, abalimi bacele ukuqeleshwa mayelana nemthetho wokuhlela, njengoba kuhlezi kuwudaba olukhulu. Baphinde bacela ukuba i-SACTA okuyi (*South African Cultivar and Technology Agency*) iphroekthi okufanele ikhuliswe ukuze ikhave imishini nabanye abakhiqizi abanangi.

Nokwemigomo yokumaketha, u-Patricia Zimu igxile kakhulu emisebenzini eyahlukene ye-Grain SA kanye nemihlomulo ehlonyulwa amalungu. Waggizelela ukubaluleka kokugcina imigudu yezokuxhumana ivulekile. Amalungu akhuthazwa ukuba axhumane namalungu esigungu sawo nabo futhi ngokwama-study groups ukwabelana ngolwazi zonke Iwezikathhi zonke. Waphinda waphakamisa iphuzu lokukhokha intela okusiza ukuqinisa inhlango.

Ngokuvamile, abalimi babenethemba futha bazibonge kakhulu izimvula ezinhle kanye nesizini enhle. Inkinga iyodwa ngokuna kwezimvula ezinkulu ukuthi ezinye izindawo zacgwala amanzi, nabalimi abakwazanga ukufinyelela emasimini abo noma ukuyofutha ukhula.

U-Jannie uvale lesigaba ngokwethula *i-synopsis* yokugxila kweqhingga lenhlangano lanamuhla kanye nendlela eya phambili yonyaka, okubandakanya uhlelo Iwakhe olulandela ukuthatha kwakhe umhlapanshi ngo-Agasti. ■



Ngaphambi kwe-skriini esihlaza okotshani u-Patricia Zimu, u-Jeremia Mathebula, u-Dirk Strydom, u-Ramodisa Monaisa no-Jannie de Villiers, ababengamalungu ephaneli emhlanganweni wesifunda. Imenenja entsha yokuthuthukiswa kwabali, uSandile Ngcamphalala, usemuva no-Ikageng Maluleke, ongusomnetho wezolimo, no-Alzena Gomes, wehhovizi lezokuxhumana nomphakathi, usebenza ngemuva ukuqinisekisa ukuthi yona le mihihangano ihamba kahle.

- Gilisa i-'skame!' (i-Swivel) uqinisekise ukuthi kungadleki.
- Onke amathayi adlekile nadabukile, kanye nama-rim anezimfa. Ku-khande noma ukushintshe uma isidindo sikhona.
- Gilisa onke ama-bearing amasondo.
- Qinisekise ukuthi izinhlangothi ze-bulk azinawo amagebe noma ukuvuza.
- Izinhlangothi zama-flaps ezivulekayo ukukhulula okusahlamvu kufanele kusebenze ngendlela futhi kukhuseleke, ukuze kungavuleki nangengozi kuphume.
- Uma ushayela emigwaqweni yomphakathi, ngabe amalayisense akho emi ngomumo? ■

Ibhajethi efanele ingakhulisa

UKUPHATHWA KWAMAPULAZI

ZEHLAKALO ZEMINYAKA EDLULE – ISOMISO, UBHUBHANE, IMILIMO YAMAQELE, IZIKHUKHULA ZAKAMUVA, UKUNGATHOLI UKWESEKWA UHULUMENI, UKUBHEDUKA KWEZINAMBUCANE ENDAWENI NEZIFO, KANYE NEZINKINGA ZEZOMNOTHO EZWENI LETHU – KONKE LOKHU KUGCIZELELA UKUBALULEKA KOKUPHATHWA NGOKUFANELE UKUZE UPHILE NJENGOMLIMI.

Abalimi baseNingizimu Afrika bayaqhubeka nokwehlelwa amashwa nokuncipha kwenzuzo ngenxa yokwenyuka njalo kwamanani *ama-input*. Ngaphandle kwezinhlelo ezifanele zokukhiqiza nebhajethi efanele yonyaka, uzokuthola kulukhuni satshe ukuphatha ibhizinisi lakho nge-mpumelelo. Lokhu kozokwenzeka noma uyi-*subsistence*, *i-small-scale* noma ungumlimi ongenisa inzuzo.

KONKE MAYELANA NEBHJETHI

Kalula nje ibhajethi yincazelio ibhalwe ngokuhloniphekile echaza ngazo zonke izinhlelo zakho zokukhiqiza nezinye izinhlelo zebhizinisi lakho. Kuchaza yonke imali engenayo nesetshenzisive ehambelana nezinhlelo zakho ngokwamakhwantithi abonakalayo nangokwemigomo yezezimali. Ngokuvamile ibhajethi ibhalelwu unyaka wonke, ukwenza isibonelo kusukela ngomhla ka-1 Mashi 2021 kuye kumhla ka 28 Febhuwari 2022.

Ibhajethi iqukethe zonke izinhlelo zakho eziponakalayo (ukukhiqiza nokunye), ngesinyathelo sokugcina ukwabiwa kwama-value emali, noma amarandi namasente, kuzo zonke izigaba – imali engenayo nephumayo. Lokhu kungensiwa ngokusebenzia ama-value emali yeminyaka edlule, okubizwa ngama-value omlando, nokungeza iphesenteji yokuhava ukwenyuka kwamanani entengo. Le ndlela yokubhajetha yaziwa njenge-*incremental budgeting*. Ungaphinde ubale ama-value kusukela phansi, okwaziwa nge-zero budgeting.

Isibonelo: Ngokusho kohlelo Iwakho lokubhajetha, uhlela ukutshala u-300 ha ommbila usebenzisa u-120 kg kamanyolo i-LAN njenge-top dressing. Umethuli wezinsiza ucabanga ukuthi inani le ntengo ka-LAN izoba u-R6 050/t ngonyaka ozayo. Intengo kamanyolo i-LAN izobe isingu-300 ha x 120 kg x R6 050/t = R217 800.

Ngasohlangothini Iwemali engenayo uhlela ukukhiqiza u-5,5 wamathani ommbila i-avareji nge-hektha ngokwentengo elindelekile ka-R2 750/t, ngokusho kwejenti yakho emakethayo. Imali yakho engenayo iyolindeleka ukuba ibe u-300 ha x 5,5 t x R2 750 = R4 537 500.

Ngakho ke uzobe usulandela le nqubo kukho konke okungenisa imali nakuzo zonke izindleko. Kuyo yonke i-input yokukhiqiza – imbewu, ama-herbicides, ama-pesticides kanye nazo zonke ezinye izindleko ezifana nophethiloli/udizili, ukukhanda, ukunakekela namaholo – kufanele kwenziwe ngale ndlela.

AMATHUBA E-ZERO-BUDGETING

Ithuba le-zero-budgeting ukuthi ishaya emhlolweni ngoba konke okunye kucatshangwa kusukela ku-zero. Ngenkathi enza lokhu, uphinde ubuze lo mbuzo: Ngabe kudingekе ngani lokhu?'. Ngakho ke uzoba nethulusi elinamandla lokuphatha izimali zakho, ikakhulukazi imali nephumayo

**U-Marius Greylings, umbhali wePula
Imvula. Thumela i-imeyili yakho
ku-mariusg@mcgacc.co.za**



okungaphansi kolawulo Iwakho. Ngokushesha uzoqaphela amaphutha esikhathi esedlule, imisebenzi engenziwanga ngendlela nokungakhinqizi.

I-Zero-budgeting ichitha isikhathi futhi udinge usizo lokuvusa isistimu. Ungangabazi funa usizo noma uhambele isigaba sokuqeleshwa, njengoba lokho kuzokusiza.

Izindleko zepulazi sezizonke zihlukaniswa amaqembu amabili:

- Izindleko eziguquguqukayo, nokuphinde kwaziwe ngokuthi izindleko zokukhiqiza.
- Izindleko ezingaguquki, okuthiwa ezokuqhube ibhizinisi nezindleko ezinqunyiwe.

Ngokwemigomo ephathekayo, ukunquma ngezindleko zokuqhube ibhizinisi kusukela ekuqaleni akuwona imizamo enganqobeki. Kepha, ezinye zezindleko okungezona zebhizinisi kungaba nzima ukuzinquma kusuka ekuqale futhi akuwufanele umzamo. Ukukhuphuka kwebhajethi yemali yokuholela noma ukusebenzia umlando wezindleko zalezo zinto umbo-no ongcono.

Qoqa ulwazi oluningi ukuze uhlanganise ibhajethi yakho; futhi uzoba nethulusi lokugcina ukuze umenjeni ibhizinisi lakho. Ibhajethi ehllewe ngendlela yenza kube lula kakhulu ukuhlaziya inzuzo yamabhizinisi onke noma amagatsha ebhizinisi lakho.

UKUQUALISA IBHAJETHI YAKHO

Uma wenze imizamo yokuhlanganisa ibhajethi, ukhiye wokukhulisa ukuphatha kwakho ukuqualisa ukusebenzia izinhlelo ngokwebhajethi yakho. Nakisisa kakhulu ukuphatha izindleko zakho. Zama ukungayisebenzi kakhulu imali futhi uqaphele ukusebenzia imali ngaphandle kokuba ucabangisise.

Uma uhlangabezana namashwa, futhi ube nezinhlelo ezifanele kanye nolwazi lwezezimali lume ngononina, futhi okungenani yiba nento ehlange-ne ongayakha ukuze umelane namashwa. Amashwa angaba nomthelela omubi emalini yakho engenayo futhi/noma andise ukusebenza kwemali.

Isibonelo, mhlampe ubhajethole ukukhanda ishedi entsha, kodwa bese uhlaselwa yizinambuzane ungazelele zonakalise isilimo sakho. Umphumela – ukuncipha kwemali engenayo nezindleko ezingeziwe ukungoba izinambuzane. Uzobona ukuthi ngokwebhajethi yakho, ngeke usakwazi ukwakha ishedi yakho. Ibhajethi yakho uzobe usuyishintsha ngokufanelekile futhi mhlawumbe ukuhlhlisele unyaka ozayo ukwakha ishedi. Manje usuyayimennenja ibhajethi yakho.

Ukujiwayeza kuyasiza; futhi uzomangala indlela ibhajethi yakho ezoba yiyo esikhathini esiyiminyaka embalwa uma yensiwe kahle futhi i-implementwe ngokuyikho. Ibhajethi aqaliswe ukusebenza ngokufanele izoba yithulusi elingenyakaziseki ukukhulisa ukuphatha ngokuyikho, okudingekayo ukubhekana nabo bonke ubungozi ebhizinisini lezolimo. ■

INGXENYE 3 Ukusebenza KWEMAKETHE YOMMBILA

L E ATHIKHILE EYESITHATHU YOCHUNGECHUNGE LWEZINGXENYE EZINE EZIZAMA UKUHLOLA UMSUKA WAMAFEKTHA ANOMTHELELA EMAKETHE YOMMBILA. LE ATHIKHILI IZOGXILA ESINQUMENI SE-SPOT PRICE KANYE NENDIMA YOKWEHLUKANA KWAMANANI ENDAWENI PHECELEZI LOCATION DIFFERENTIAL.

I-spot price iqondiswe kwintengo yekhomodithi ebhadalwa eRandfontein (amanani e-ex-silo). I-spot price inqunywa ngokususa izindleko zokuthutha ku-Safex price kuwo onke ama-silo arejistiwe. Emmbileni, kunezinkontileka eziningi eziwuuhla kwi-Safex. Umehluko owodwa vo usuku lokwedlulelwel yisikhathi. Eyodwa yezikonteleka ezidayisiwe kwi-Safex kuyohlala kunsuku lokwedlulelwel yisikhathi olulingana nenyanga yamanje. Isibonelo, inkontileka kaMeyi 2021 iphela ngomhla ka 24 Meyi 2021. Inkontileka ihweba ngokwamazinga ahlukene entengo, ngosuku olusondele kakhulu nangokdlulelwel yisikhathi ngentengo ephezulu kakhulu. Kodwa, lokhu kuaplaya kuphela ezilimeni zanamuha. Njengoba kuqala isizini entsha, amanani enkontileka yesizini entsha angahle ahluke kakhulu.

Ukuvanyiswa "kwendawo" kusukela enanini lenkontileka noma edayiwe, ukusebenza kwe-Safex isebezisa i-location differential, kanye nephoyinti eliqondile njengase-Randfontein. Njengawo onke amanani e-Safex ase-Randfontein, lokhu kusho ukuthi uma umkhiqizi engadiliva noma umgayi angemukela idilivari e-Randfontein, bazothola noma ba-khoke inani le-Safex lenyanga yenkolileka yokudiliva (i-spot price).

Njengoba ukudiliva kwenzeke emaphoyintini ahlukene akhiqiza ezi-fundeni, ama-spot prices asekelwe enanini elilungisiwe le-Safex. Isibonelo, uma izindleko zezokuthutha phakathi kwe-Randfontein ne-silo ekhethwe umkhiqizi u-R90/ithani, inani lokudiliva lomkhiqizi lizolingana nenani le-Randfontein (inani lenkontileka lenyanga yokudiliva) kususwe u-R90/ithani izindleko zokuthutha. Umthengi uzohamba eyothatha ummbila kuleyo silo ethile ngenani lentengo ye-Safex kususwe u-R90/ithani. Le zindleko zezithuthi phecelezi differentials kubalwa ngonyaka futhi kutholakala ku-JSE website. I-area differential inqunywa kususelwa ezindlekweni zesindo

U-Ikageng Maluleke, uSomnetho wezoLimo, kwa-Grain SA. Thumela i-imeyili ku-ikageng@grainsa.co.za



se-avareji yesithuthi esihamba ngomgwaqo nangojantshi. Izindawo ezisebenzisa kakhulu izithuthi ezihamba emgwaqeni zizoba nengxenye enkulu yezibalo zezithuthi ezisebenzisa umgwaqo.

Izisekelo (ze-zezindleko ezahlukene zokuthutha nokukhkhela ukubamba) wuphawu lwamazinga e-spot price kuma-Safex silos ahlukene arejistive. Umlimi angakusebenzisa naye njengomezamo wokudayisa ummbila wakhe ngenani elingaphansi kunalelo le-Safex. Uma engamtholi umthengi ofisa ukuthenga ezingeni lalelo nani, ummbila wakhe angawudiliva ku-Safex silo erejistiwe, athathe isitifiketi sesilo futhi ayosethula kwiSafex ukuze akhokhelwe. Inkinga yokuhweba ngokwesisekelo ukufinyelela komlimi olwazini olusezingeni. Ama-co-operatives endawo noma abathengi bommbila endaweni bangawenza lo msebenzi obaluleke kangaka. I-Safex inika abalimi ithuba lokuvikela isilimo sabo kanye nthuba lokuzuza ngegaranti yentengo eminimamu emakethe yendawo.

Abalimi bayakhuthazwa ukuba bazejwayeze nesimo se-saplayi nedimandi ezindaweni zabo zokukhiqiza ukuze bathole amaprimyamu angeziwe ngomkhiqizo wabo. La maprimyamu awavunyiwe futhi kuxoxiswane ngawo phakathi komdayisi nomthengi kwi-transaction ngayinye. Ama-differentials avumisa amanani ezinkontileka zangomuso ziye kuphoyinti yerefensi eyodwa. Ngaphansi kwezimo lapho idimandi yendawo ingaphezulu kwe-saplayi yendawo, ngenxa mhlambe yokuncipha kwestimo noma umshini oseduzane wokuphrosesa, umehluko phakathi kwezisekelo ne-Safex price kungaba ngaphansi kwe-transport margin noma kuze kudlule i-futures market price. Uma isaplayi yendawo idlula idimandi yendawo, isisekelo sibakhombisa uphawu olucacile abalimi balokho okumelwe yi-spot price yommbila endaweni ethile okufanele ibe lapho. ■

HELPING FARMERS STAND AS TALL AND PROUD AS THEIR CROPS



TM © Trademarks of Corteva Agriscience and its affiliated companies.
© 2021 Corteva. 2021/CORP/PI/007DEV

Imfihlo yempumelelo ekukhiqizeni izinkukhu ezinhle zenyama

INGXENYE 2

AMAPHUZU ABALULEKILE OKUFANELE ANGAWA-KHOHLWA NGOKUKHIQIZWA KWEZINKUKHU ZENYAMA AYEFANA KUBAKHIQIZI ABANCANE NABAKHULU. KUBALULEKILE KODWA, UKUPHINDA UVAKASHELE IZISEKELO – EZIFANA NE-ZOKUPHATHA, IZINDLU NEZINGQALASIZINDA – NJALO NJALO.



**U-Richard McPherson, umbhalu wePula Imvula. Thumela i-imyeli
ku-richard@agrimetrix.co.za**

UKUNAKEKELA KAHLE IMFUYO PHECELEZI -STOCKMANSHIP

Umlimi ofuye izinkukhu kufanele azithande izinkukhu futhi akujabulele ukuba sezindlini zezinkukhu ukuze abheke ukuziphatha kwazo kanye nesimo sempilo yazo. Kubalulekile ukuziqondisisa, ukubekezela nokuzinikela ukuya ekukhombiseni ukunaka imininingwane. Ezindlini ezinkulu ukubheka nsukuzonke nokuthatha izinyathelo ezisheshayo ezinkingeni zezempiro nkwezokukhula kubaluleke kakhulu ukuze uphumelele kwevezimali.

Bheka isimo sogedla, amehlo, umlomo nolimi, lwezinkukhu, ukukhula kwezimpaphe, ukukhula kwezfuba, isikhala phecelezi-vents nemilene, izinyawo nesimo sesikhumba.

UKU-ODA AMACHWANE AKHO ANOSUKU UBUDALA

Yiba nobudlelwano nesaplaya yakho oyikhethile, njengoba uzovama uku-oda usayizi ofanayo njalo emasontweni ayisikhombisa kuya kwayishiyagalolunye unyaka wonke. Abachamselisayo bahlelela ezinyanga eziphambili ukuze bakwazi uku-saplaya amakhasimende abo ngezidingo zavo ngesikhathi. Qinisekisa ukuthi amadiphozi, uma kudingeka nezimo zokukhoxa zicacile kuzona zombili izinhlangothi. Uma uyikhasimende elivamile, ungalindela ukuba isaplaya yakho iyinake ikhwalithi nokuthi ikwelekele noma ngasiphi isikhathi. Qinisekisa ukuthi wazi kahle kamhlophe ukuthi kuzodiliva ngaluphi usuku kanjalo nesikhathi.

AMALUNGISELELO NGAPHAMBI KOKUBA AFIA AMACHWANE

- Kubalulekile ukulungisa yonke into epulazini nezindlu zezinkukhu ngaphambi kokuba afike amachwane anosuku olulodwa ubudala.
- Hlaza futhi ubulale namagiwane ezindlini zamachwane.
- Hlola ukuthi ama-bell drinkers, tube feeders, namakhethini ezindlini ezivuleke ezinhlangothini kusebenza ngokufanele.
- Amanzi amahle ahlanzekile, ayikhwalithi engadiwi abantu, kufanele abe khona futhi onke ama-tube feeders kufanele agcwaliswe.
- Amathileyi aphansi agcwaliswe ukudla kokuqala abalulekile ukuze amachwane aqalayo ukufika agcwalise izilimo zavo, aphinde aphuze amanzi anele masinyane emva kokuvulwa kwamabhokisi endlini.
- Yiba nama-bell drinkers (ama-drinkers ayisithupha amachwane ayi-1 000), ama-tube feeders namathileyi kuwo wonke amachwane ayi-1 000 anosuku olulodwa njengoba kubaluliwe.
- Okwesikhashana ubeke ama-drinkers angapezulu kweshumi ngo-1000 wamachwane abekiwe.
- Hlola ukuthi i-circular spot brooders, noma igesi noma i-elektriki, kanye nama-heater anelambu elibomvu ayasebenza nokuthi ayafinyelela ezingeni eliphezulu lokushisa ngokusezingeni lamachwane.

Indluyamachwane kufanele ifudunyezwe amahora angama-24 ngaphambi kokufika kwamachwane ukushisa kufanele kulinganiswe nobude bechwane. Kulesi sigaba kufanele kube u-32°C endlini yonke okugcinwa kuyo amachwane no-32°C we-spot brooders. I-litter temperature kufanele ibe phakathi kuka-28°C no-32°C. Usimende ophansi angashisiswa ufinyelele ku-40°C ukuqinisekisa ukuthi i-litter igcina izinga lokushisa eliphezulu. Umswakama, noma inani lamanzi asemoyeni endlini, kufanele kube phakathi kuka -60% no-70%.

Uma usebenzisa iphepha, qinisekisa ukuthi u-80% wendawo yokufukama, okuyindawo encane endlini ikakhulukazi ehlizenzekelwe isigaba sokufukama, ikhona. Beka u-40 g we-starter crumble ichwane ngalinye ephepheni.

UKWENDLALA PHECELZI-LITTER

Enye yama-fektha abalulekile ekukhiqizeni yikhwalithi nekhwantithi yokwendlalwa phansi okusetshenziswayo. Uphayini ovomile onqunyiwe noma izinhlanga zikakolo ezinqunyiwe ezimunca kakhulu amanzi kufanele zendlalwe umkhakha okungenani ongaba u-2,5 cm kuye ku-5 cm phansi lapho kukhonkwe khona no-10 cm phansi enhlabathini. U-5 cm wephansi elikhonkiwe kuzonikeza ukuvikeleka ukuhle uma kubanda.

Izinkukhu zingalahlekela ukushisa kwazo komzimba uma izinyawo zazo zithintana namasafesi abandayo. Ngakho ke kubaluleke kakhulu ukugcina ukufudumala kwechwane kusezingeni eliphezulu.

UKUBEKWA KWAMACHWANE

- Yethula amachwane uwabeke ephepheni elisendaweni yokufukamela. Wadedele azinze isikhathi esingaba yihora kuye kwamabili. Ngaleso sikhathi hlola ukudla, amanzi, amazinga okushisa umswakama, bese ulungisa amasethingi endlu uma isidingo sikhona.
 - Qinisekisa ukuthi amachwane ahlezi kahle 'tshwekela', ahlanzekile, ama aqine, ahamba kahle, aqaphile futhi akhuthele. Hlola ukuthi umzanyana uphume wonke nokuthi inkaba yawo ipholile.
- Amachwane kufanele abe nesisindo esiphakathi kuka-38 g no-43 g ukuzo abe nesiqalo esihle ukuze angene esigabenit sesitandadi sokukhula esidingekayo. Linganisa amazinga okushisa amachwane, okufanele kube phakathi kuka-39,4°C no-40,8°C ezinsukwini zokujala ezine kuya kweziyishlanu. Qhubeka nokubheka ukuthi amachwane agcwalisa amacrops awo ngokufanelekile.

Bikela isaplaya yamachwane ngenkinga oyibonayo masinyane.

UKUKHANYISA

Khanyisa amahora angama-23 okukhanyisa ezinsukwini zokujala zi-yisikhombisa ukukhuthaza ukudla okusezingeni eliphezulu lokudla nokuphuzwa kwamanzi.

ISIPHETHO

Abalimi abasaqala noma abalimi abafuna ukwenza ngecono indlela yokuphatha kwabo kwanamuha ngokukhiqiza izinkukhu zenyama, kufanele ba-dawnlode imanywala eneminingwane yokukhiqiza izinkukhu zenyama ku-inthanethi ka-Cobb, Ross and -Arbor Acres breeds. Imininingwane yenqubomgomu ekhonjisiwe emkhakheni wokukhiqiza kungamsiza umlimi ekuthatheni isinqumo sokuthi iyiphi indlela angayisebenzise esimweni sakhe esihlkile.

I-athikhili elandelayo izokhava ukudliwa kokudla, namanye amafektha nokuphumelelisa amazinga zokukhiqiza. ■

Iphrogrammu eguqula izimpilo



Umbiko

Asibheke imisebenzi esifundeni saseMpumalanga

NGOMHLA ka 17 Febhuwari imenenja yesifunda, u-Jerry Mthombothi, ozinze e-Nelspruit, uhambele eLimpopo lapho afike waqala khona ama-study group amasha azongena ngaphansi kwale sifunda.

Uvakashele amalungu ayi-13 e-study group e-Zaaiplaas eyobanika umhlahlandlela owakhayo nezaluleko ngemihlabo yabo yokulima. U-Betty Tala no-Christina Mapaila bobabili babambe iqhaza ku-Beyond Abundance Project kwa-Grain SA. Njengompetha wokuthuthukiswa kwabalimi, uJerry uthokozile ngenqubekelaphambili ekhonjiswa amalungu e-study group sakhe esisha saseLimpopo, iningi labo lihlala ezindaweni ezisemakhaya asemajukujukwini. Esikhathini esiphambili bavuna amasaka omrbila aphakathi kwayishlanu kuya kwayishumi ihektha. Manje baphokophele ekuvuneni u-3 t/ha kuya ku-4 t/ha ngokusebenzisa izindlela ezingcono nokulalela izeluleko zochwepheshe.



Umlimi uBetty Tala wathatha iseluleko sika Jerry sokufutha nesokufaka i-top dress nge-N-fertilisers. Bheka nje isi-vuno sakhe manje!



Omunye umlimi omamathekayo manje emva kokulalela iseluleko sika-Jerry sokuthi afake i-top dress ngamasaka amabili ka-N-fertilisers emva kokutholakala kokhula olumbalwa, umlimi u-Christina Mapaila.



Le yinsimu yelungu elingalona lakwa-Grain SA elisebenza imishini ukhulakula ukhula enhlabathini alima kuyo, futhi akanawo umhlahlandlela womthombo wolwazi.



I-Grain SA ethuthukisa abalimi iqalise izifundo ezine zokuqequesha izinsuku eziyisihlanu ngoFebhuwari. Esisodwa salezi zifundo, i-'Introduction to Soybean', sethulwa ngu-Timon Filter e-Breyten Hall. Le sifundo saxhaswa yi-OPDT futhi sethanyelwa abalimi abangama-25.

UKUBALULEKA kokuhlangana

ABABILI 'abangani bephrogrammu' banikela benza umehluko emphakathini nasezimpilwe zabalimi bethu. Siyalibonga kakhulu ngeqhaza labo.



U-Bayer uneskathathi eside engumeseki nophathina wephrogrammu yokuThuthukisa abaLimi kwa-Grain SA. Kulo nyaka u-Bayer unikele ngo-106 x 2 wamasaka embewu ehovisi elise-Nelspruit ukuze kwabelwe ama-subsistence farmers abezama ukwenza ngcono ukuvilekela kokudla emndenini. U-Sophy no-Anna Mohlongo yibo bobabili abalimi abahlomulile kulo mnikelo.



Ihhovisi lakwa-Grain SA elise-Nelspruit lisize amalungu omphakathi nezinhlangano zamasondo lanikela ngempuphu yommbila kulesi sikhathi esinzima. I-Mkhondo TWK yase-Piet Retief yanikela ngo-1 000 x 10 kg wamasaka empuphu yommbila wadluliselwa kumalungu omphakathi odla imbuya ngothi ngokulahlekkelwa yimisembeni ngenxa yobhubhane lomvalelandlini we-COVID-19. Abantu badlulisela okukhulu ukubonga kwa-Grain SA ngalokho ebenzele khona.

PULA IMVULA

GRAIN SA: PRETORIA
PO Box 74087
Lynnwood Ridge
0040
■ 08600 47246
■ www.grainsa.co.za

UMHLELI OPHETHE
Usandile Ngcamphalala
■ 082 862 1991 ■ Ihlovisi: 012 943 8296
■ sandile@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA
Liana Stroebel
■ 084 264 1422 ■ Ihlovisi: 012 943 8285
■ liana@grainsa.co.za

UPHATHINA WOKUSHICILELA
INFOWORKS MEDIA PUBLISHING
Isekela mhleli – U Louise Kunz
■ louise@infoworks.biz
Umholi wethimba – U Johan Smit
■ 082 553 7806 ■ Ihlovisi: 018 468 2716
■ johan@infoworks.biz
Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Joritha Hechter



Uhlelo IweGrain SA
LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO
Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za
Jerry Mthombothi
Mpumalanga (Nelspruit)
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili
Jurie Mentz
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8218

Graeme Engelbrecht
KwaZulu-Natal (Dundee)
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko
Luke Collier
Eastern Cape (Kokstad)
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko
Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich
Du Toit van der Westhuizen
North West (Lichtenburg)
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane
Cwayita Mpotsi
Mthatha
■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8277

IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:
IsiZulu, IsiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

IVIMBELA-MLILO

zibalulekile kwezokuphepha

NGOKOMTHETHO WEZOMILO, WONKE UMNIAKAZI WO-MHLABA LAPHO UMLILO WAMAQELE UNGAQALA UKUSABALALELA EMHLABENI OSEDUZANE, BANESIBOPHEZELO SO-KUBA NE-ZIVIMBELA-MLILO PHECELEZI FIREBREAK OHLANGOTHINI LWAKHE EMNCELENI WOTHANGO. UMTHETHO UKUBEKA NGOKUCACILE UKUTHI ISIVIMBELA-MLILO AKUFANELE SIBE NAMABIBI ANGALUMEKA UMLILO.

Kwezinye izifunda izinhlangano ezibhekellele ukupaththa kokusha kwemililo zinemithetho esizayo uma kwenzenka kuqubuka umlilo. Ezinye izinhlangano zizoba nemithetho yazo yezivimbela-mlilo.

INHLOSO YESIVIMBELA-MLILO

Inhlosonqangi yesivimbela-mlilo ukuba nendawo lapho esomphethweni lapho kungaqlwa khona ukubabela umlilo phecelezi *i-back-burn*. Le indlelo engcono kakhulu yokucima umlilo wamaqelete. Le sinyathelo *se-back-burn* kufanele senziwe kuphela ngaphansi kokulawulwa umcimi mlilo onolwazi, kanye nabalimi abenele kanye nabacimi mlilo bezokweseka.

Isivimbela-mlilo kufanele sibe banzi ngokwanele ukuze kuzoba nethuba elihle lokuvikela umlilo wamaqelete ngale kwendawo yakho. Isivimbela-mlilo esenziwe ngesiheshe phecelezi *slasher* asivumelekile, njengoba umlilo ungakwazi ukucusha.

Uma utshani nhlangothi zonke zesivimbela-mlilo bulinganisela ku-1 m ubude, isivimbela-mlilo okungenani kufanele sibe u-3 m ububanzi. Uma kuyizihlahla ezingu-2 m ubude nhlangothi zonke, isivimbela-mlilo sakho kufanele sibe u-6 m ububanzi.

UKUKHANDA ISIVIMBELA-MLILO

- Tshela bonke omakhelwane bakho ukuthi uzokhanda isivimbela-mlilo. Bazise kanye nabasebenzi babo ngayo yonke inqubo.
- Qinisekisa ukuthi isimo sezulu sikulungele ukukhanda izivimbela-mlilo, ikakhulukazi uma izivimbela-mlilo zizoshiswa.
- Qinisekisa ukuthi yonke impahla ezose-tshenziswa ukukhanda izivimbela-mlilo isevisiwe futhi isesimeni esikahle sokusebenza.

U-Pietman Botha, umbhalu we-Pula Imvula. Thumela i-imelyili
ku-pietmanbotha@gmail.com



- Qinisekisa ukuthi wonke umsebenzi uyawazi umsebenzi wakhe futhi uyakwazi okufanele akwenze uma kwenzenka impahla yokucima umlilo iphuka noma kushintsha umoya kungazelele. Kufanele kuhlale kuneplane ebekiye uma kwenzenka umonakalo.
- Qinisekisa ukuthi bonke abasebenzi bagqoka izingubo zokubavikela uma kuqubuka umlilo.
- Isivimbela-mlilo singahlanza ngokushiswa ngomlilo ngokusizwa abasebenzi bezicima mlilo Ithuba elikhulu ngesivimbela-mlilo ukuthi siqala ukuhluma sibe luhlaza ngasekuqaleni kuka-Agasti, ngesikhathi utshani basendle bomile futhi bungasha kakula.
- Isivimbela-mlilo singagredwa nge-rear-mounted noma nge-self propelled grader. Qinisekisa ukuthi onke amabibi ezitshalo uyawasusa kusivimbela-mlilo. Ngaleylo ndlela utshani buzohluma ngaphambi kwethafa futhi wenze isivimbela-mlilo esingcono.
- Isivimbela-mlilo futhi singakhandwa nge-offset disc. I-offset disc izonqamula imatheriyali yesitshalo enhlabathini; futhi ngaleylo ndlela kulula futhi kusebenza kahle. Kepha, okubi ngalokho ukuthi inhlabathi iyaphazamiseka, ukhula luyakhula futhi izimpande zotshane ziyafa. Ukuguguleka kwenhlabathi nakho kungenzenka.
- Isivimbela-mlilo singafuthwa nge-herbicide ukuze isheshe ife ngasekuqaleni kwesizini. Ngakho ke le-matheriyeli efile ingashiswa ngaphambi kokuba izitshalo ezipungezile zife.
- Imigwaqo yomlilo ingakhiwa unyaka wonke, ngeqembu lamathraki athwala imithwalo emikhulu, ogandaganda noma ngama-big front end-loader tyres.
- Khumbula ukugcina omakhelwane bakho benolwazi nezinyathelo zakho futhi ukwenze ngesikhathi ngesivimbela-mlilo. Uma ufunu imininingwane, thintana nenhlanguano elawula umlilo endaweni.



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST

MADE POSSIBLE BY
THE MAIZE TRUST